

PROF MANDLA MAKHANYA, OYINHLOKO NEPHINI LIKASHANSELA

ENYUVESI YASENINGIZIMU AFRIKA

UKWAMUKELWA NOKWETHULWA: DR SAMAH JABR

ILANGA LOKUBUNGAZA ABESIMAME EMHLABENI 2020

MHLA ZI-07 KUNDASA 2020

Ngiyabonga Mphathi wohlelo, Dkt Fraser-Moleketi

- Inxusa uSheila Sisulu
- Isikhulumi sethu esiqavile namuhla, uDkt Samah Jabr
- Abazobamba iqhaza kwezokuxoxisana, uNkz Nardos Bekele-Thomas kanye noNKz Linet Gatakaa Miriti
- Ababhali bethu abakhona lapha namuhla: uNKz Natasha Allie; Baba-Tamana Gqubule kanye noThandiwe Matthews, kanye nabakhiphi bezincwadi oFébé Potgieter–Gqubule
- Iqembu lezomculo i-OWLAG kanye ne-MCK *Special School Marimba Band*
- Izivakashi zethu ezibalulekile, odadewethu kanye nabafowethu

Ngivumeleni ukuba ngisho amagama ka Dr Fraser Moleketi wokunamukela nonke ngezandla ezifudumele.

Ngiyaziqhenya ngokusho ukuthi ngiyiNhlolo kanye nePhini likaShansela wenyuvesi enhle kangaka: yeNyuvesi yaseNingizimu Afrika (Unisa), okuyinyuvesi enkulu kunazo zonke ezwenikazi. Sesamukele inani labafundi eliyi 380 000 e-Unisa, kanti ubuningi balaba bafundi kungabesifazane. Kanti futhi sizibophelele ekuqinisekiseni ukuthi inani labasebenzi bethu besifazane lihambisane nomgomo wokulinganiswa kobulili kanti, ngaphezu kwalokho, sinochungechunge lwemizamo ehlose ukuthuthukisa kanye nokuphakamisa abesifazane – ikakhulu abesifazane abamnyama – ngokwezifundo zabo. Ngakho-ke, ngicabanga ukuthi ngizobe ngikhuluma iqiniso – kanti ngempela lokhu kuyiqiniso – ukuthi i--Unisa izimisele ngempela ukulandela umgomo wokulinganiswa kobulili kanye nokushumayela lokhu ngezindlela ezimbili ngamagama kanye nangezenzo.

Ngakho-ke kuyinjabulo kimi ukuba ngimenywe ukuba ngihambele lo mcimbi walo nyaka. Ngonyaka owedlule ngehlulekile ukuhambela lo mcimbi ngenxa yokubanjwa yimisebenzi, kodwa ngiye ngenza isithembiso sokuthi lokhu angeke kuphinde kwenzeke lo nyaka – naku ngilapha yimi! Kanti, njengesipho nginikezwe inhlonipho ngokuthi ngethule izikhulumi eziqavile ekuseni namuhla. Ngingasho ngithi nje – lo owesifazane oqotho ngempela!

Dkt Sabr, kufanele ngikhulume iqiniso ngaye ngaphoqeleka ukuba ngisebenzise uhlelo lwe- “*University of Google*”¹ ukuze ngifunde okuningi mayelana nempilo kanye nobizo lomsebenzi. Kodwa, eqinisweni, ngathola ulwazi oluningi, maqede ngaye ngafumana ukuthi (lokhu kuyimvamisa ngeningi labantu abaphumelelayo) ungowesimame obalulekile futhi ohlala esebenza njalo, kanti uzimisele kakhulu ukuze uchaze kalula, futhi uthuthukise ulwazi, lwalokho empeleni okuyisimo esixubene kakhulu, okuyisimo esinemiphumela ewumunyu futhi izimo ezishaqisa umzimba zisuka esizukulwaneni bese ziye kwesinye isizukulwane kanti lezi zimo zibonakala zingeke zaxazululeka.

Ngakho-ke, ake ngethule lo mame oyingqalabutho.

USamah Jabr wazalelwa emndenini wamaJuda mhla ziyi 8 kuNcwaba ka 1976. Wagogoda iziqu zakhe enyuvesi i-*Al-Quds University (Jerusalem)* ngonyaka ka 2001, wayelilunga leqembu lokuqala labafundi ababevela ngaphansi koMkhakha wezoKwelapha (*Faculty of Medicine*). Wathola ukuqeqeshwa okuphambili esifundweni sezengqondo ezweni lase*France* kanye nase*United Kingdom*, kanti futhi wenza izifundo zocwaningo kwezengqondo(*clinical research*) ezweni lase*United States*. Wangenelela ngokubanzi kwizifundo zokweluleka

¹ https://en.wikipedia.org/wiki/Samah_Jabr

ngokwengqondopsychotherapy kanti waqeqeshwa ezikweni lezemfundo ephakeme *Israel Psychoanalytic Institute of Jerusalem*. Njengomunye wosolwazi bezengqondo abangama 22 abenza abasebenza ngase*West Bank*, ungomunye wezifundiswa zokuqala zabesifazane zase*Palestine* kulolu bizo lomsebenzi.

UDkt Jabr usebenza njengoMqondisi wezokweLapha e*Palestine* ngaphansi kophiko lwe *Palestinian Medical Education Initiative (PMED)*, kanti usebenza nphecelezi njenge*psychiatrist* and *psychotherapist* emikhakheni yomibili wangasese nasemkhakheni wombuso. Enjalo nje, ungumbhali ovelele, imisebenzi yakhe yocwaningo seyike yakhishwa ezindaweni ezimbili ngase*Palestine* kanye nakumajenali abuyekeziwe omhlaba. Omunye wemisebenzi yakhe evelele yileyo ncwadi ayibhala ngokuhlanganyela ndawonye nosolwazi kwezengqondo oseyingane, uu-Elizabeth Berger – okuwucwaningo olugxile kwisimo lapho isiguli sezokululekwa ngokomgqondo sidlulisela imizwa knaye nezimo zaso kudokotela wezengqondo kanti futhi lapho udokotela wezemgqondo edlulisela imizwa yakhe kwisiguli kwizinhlanga ezahlukene samaJuda/namaPalestina, kanti okunye kumayelana nokuphila kanye nenhlalakahle yabantu basePalestina eziphucwe izwe labo ngamaJuda.

Ukt Jabr uye wafundisa kumanyuvesi ahluhlukeni asePalestine kanti ungumeluleki kwinyuveni *George Washington University* ezinze e*Washington*. Ngaphezu kokuthi uyisikhulu kwiZiko lezeSayensi kanye neMigomo ngase*University of Cambridge*, usebenza njengosolwazi kanye nomqeqeshi kwiHovisi leNhlangothi yeZizwe kwezeziDakamizwa kanye nobuGebengu UNODC), kumkhankaso phecelezi we*Save the Children* and for *Doctors Without Borders* (MSF).

Uyisebenzi esizimisele kwiKomiti loMbuso eLilwa nokuHlukunyezwa e-Isirayeli (*Public Committee Against Torture in Israel (PCATI)*), uDkt Jabr unceda ekuhleleni imibiko emayelana nobufakazi obuvezwa yilabo abayizisulu zokuhlukunyezwa. Kwincwadi/kwisithombe sesihloko esithi *Beyond the Frontlines: Tales of Resistance and Resilience in Palestine* (Alexandra Dols, 2017, France), uyachaza ukuthi inhloso yalokhu ukuvezela ababhebhethekisi bomunyu ukuba bazi ukuthi izenzo zabo zokuzwisa ubuhlungu zaziwe, zibikwe futhi zigcinwe kumafayili, ukuze bakwazi ukuziphendulela. Kwesinye isikhathi angazi ukuthi ngabe umhlaba wonkana uyazi ukuthi sisemqoka kangakanani lesi senzo sobuntu, nakuzo izisulu zokuhlukunyezwa. Ngomqondo wami, kuyisenzo esikhombisa ubumnene kanye nokunakekelana, okuyizenzo ezikhombisa

ukubaluleka kwempilo kanye nesithunzi somuntu kwizimo ezidalwe ngenhloso yokwehlisa labo bantu.

UDkt Jabr kanti futhi uyisikhulumi esikhonziwe kumaziko adumile futhi anethonya, lapho axwayisa abalaleli bakhe mayelana nezixakaxaka, nezinselelo kanye nokucekelwa phansi kohlanga lwabantu abangamaPalestine njengomphumela womzabalazo wabo wenkululeko oqhubekayo. UDkt Sabr ukhuluma ngomonakalo wengqondo womuntu ngamunye kanye nabantu ngokwamaqembu, owenziwa wuhlanga lwabantu abangama-Isirayeli, ngokugcizelela ukuthi, ngokwemiqondo kaFanon, enye yezinselelo eziyinsika yomzabalazo wenkululeko yezwe labantu basePalestine yisidingo sokwakha, phecelezi *"a psychological understanding and culture that can liberate the people's minds, parallel to the liberation of the land"*.

UDkt Jabr kaningi uyatholakala kwizinhlelo zomsakazo lapho exoxa ngezihloko ezahlukahlukene, kuxutshwa phakathi umkhakha wezokuphila kahle ngokwengqondo, amalungelo abantu abanezidingo ezikhethekile, abacwaswayo futhi abahlukunyezwayo, kanti unjalo nje ungumhlaziyi ovelele okhonzwe kakhulu. Kudala ehlonishwa ngokubanzi futhi kudala atlonyeliswa ngomsebenzi

wakhe wezemfundo kanye nangezincwadi asezikhiphile – lesi yisitamenti esichaza ngokugcwele owesimame oqotho.

Dkt Jabr, umsebenzi wakho ophawulekayo osemqoka futhi wohlelo lokwakha kabusha ngaphakathi kwezimo zokuxabana ubaluleke kakhulu, kanti siyaluzwa udumo lwawo emhlabeni wonke – ikakhulu lapha, eNingizimu Afrika. Ngalokho, sizizwa sihlonipheke kakhulu ngokuthi sibe usinikeze ulwazi lwakho namuhla. Siphokophele phambili ukuzwa lokho okufanele usazise khona ekuseni namuhla.

Ngiyabonga.